



**PARLIAMENT**  
OF THE REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

# ISIMEMO SOKUTHI UMPHAKATHI ULETHE UBUFAKAZI EKOMIDINI LOPHENYO LWESIGABA 194 – UPHENYO MAYELANA NOKUKHISHWA EHHOVISI LOMVIKELI WOMPHAKATHI, U-ADV. BUSISIWE MKHWEBANE (ISICELO SOKUTHI KULETHWE UBUFAKAZI)

IKomidi LoPhenyo LweSigaba 194 (“iKomidi”) elasungulwa yisiShayamthetho sikaZwelonke (i-“NA”) lenza uphenyo ngokulandela isigaba 194 soMthethosisekelo ukuze sihlale amacala aqukethwe eSiphakamisweni esethulwa mhla zingama-21 kuNhlolanja wezi-2020 esiShayamthetho sikaZwelonke ukuze kuqaliswe ukukhishwa koMvikeli Womphakathi, u-Adv. B Mkhwebane, ngezizathu zezinsolo zokwehluleka ukwenza umsebenzi/noma ukungaziphathi kahle (“ISiphakamiso”)

## Inhloso YoPhenyo ukuthi:

- Kuhlolwe amacala aqukethwe eSiphakamisweni ukuze kutholwe ukuthi ngabe **u-Adv. B Mkhwebane**, uyehluleka ukwenza umsebenzi futhi/ noma uziphathe kabi; futhi
- Lubike kusiShayamthetho ngelikutholile kanye nezincomo.

IKomidi limema abantu ukuthi bazise iKomidi, ngokubhala phansi uma befisa ukuletha ubufakazi phambi kweKomidi elizosiza ekuhlaziyeni iSiphakamiso, ungakadluli umhla zingama-23 kuNhlaba wezi-2022 kanye nokweluleka kuleso saziso ukuthi ngabe luyadingeka yini usizo lokwenza isitatimende esifungelwe noma ukunikeza ubufakazi. Imininingwane yokuxhumana egcwele kufanele ifakwe kuleso saziso

Noma yimuphi umuntu noma inhlangothi efisa ukunikeza ubufakazi mayelana nezinto ezivela kulesi Siphakamiso kufanele akwenze konke lokho ngokubhala phansi futhi ngaphansi kwesifungo noma isiqinisekiso lingakadluli ihora **le-12h00 mhla zi-3 kuNhlanguvana wezi-2022**.

Isaziso esishiwo ngenhla kanye nobufakazi kumele kunikezwe iKomidi:

- Nge-imeyili KuNobhala WeKomidi, **uMnu Thembinkosi Ngoma kule-imeyili: [tngoma@parliament.gov.za](mailto:tngoma@parliament.gov.za) (uyatholakala kule nombolo yeselula: 083 709 8407)** noma
- Ilethe mathupha ngokuhlela kuqali noNobhala weKomidi.

Noma yimuphi umuntu noma inhlangothi, uma kunesidingo, angacelwa ukuba anikeze ubufakazi obufungelwe phambi kweKomidi ngokoMthetho, Amandla, Amalungelo kanye Nokuvikelwa yiPhalamende kanye neziShayamthetho Zezifundazwe, wezi-2004 kanye nanoma yimiphi imithetho nezinqubo ezisebenzayo. Abukho ubufakazi obungabonisiwe ngaphambili encwadini efungelwe i-afidavithi obuzovunyelwa.

UPhenyo lulandela ukwethulwa kombiko olungiswe yiPhaneli Ezimele yamhla zingama-24 kuNhlolanja wezi-2021 eyancoma, ngenxa yezizathu ezibekwe kulo mbiko, ukuthi amacala aseSiphakamisweni adluliselwe eKomidini njengoba kuhlinzekelwe eMithethweni yesiShayamthetho sikaZwelonke.

UPhenyo kufanele lwenziwe ngendlela nangenqubo efanele, ngesikhathi esifanele.

Okulandelayo kungafinyelelwa kukho kuwebhusayithi yePhalamende: [www.parliament.gov.za](http://www.parliament.gov.za)

- ISiphakamiso esiqalisa uPhenyo kanye nokwesekela ubufakazi;
- Impendulo yoMvikeli Womphakathi eSiphakanyisweni;
- Umbiko ovela kwiPhaneli Ezimele owethulwe kusiShayamthetho sikaZwelonke;
- Imithetho yesiShayamthetho sikaZwelonke elawula ukususwa; kanye
- Nemibandela yokusebenza njengoba yamukelwa yiKomidi mhla zingama-22 kuNhlolanja wezi-22 futhi engahle ichitshiyelwe isikhathi nesikhathi.

**Sikhishwe nguMhlonishwa uMnu QR Dyantyi, iLungu lePhalamende, uSihlalo weKomidi LoPhenyo LweSigaba 194.**

**Parliament – Following up on our commitments to the People  
– Making your future work better**